**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B.H. CELE NGOSUKU LWASEMSINGA NGOMGQIBELO MHLAKA, 18 APRIL 2009**

**Ngiyanibingelela**

- Ukuza kwethu lapha namhlanje kusafakazela kona ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi siyazigcina izethembiso zethu. Akusadingeki ukuthi ngibale ukuthi sesize kangaki kule ndawo yaseMsinga.

- Siyazi ukuthi yinina eningabavoti eninike uhulumeni wethu wentando yeningi amandla okusebenzisa izimali zenu ukwakha izinhlelo eziphusile zokulwa nokungalingani nokulwa nobuphofu ngendlela evulelekile ebonwa izwe lonke.

- Lokhu akujiki. Uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu – kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu baseNingizimu Afrika.

- Kuyiqiniso ukuthi amabhuloho nemigwaqo esikwakhayo ayingxenye ebalulekile ekwenziweni kwezimpilo zabantu zibe ngcono. Sesiyibonile imiphakathi lapho sekwakhiwe la mabhuloho isixoxa indaba ngokushintsha kwezimpilo zayo.

- Kuyajabulisa futhi ukuthi namhlanje kusaqopheka omunye umlando ezimpilweni zabantu baseMsinga njengoba sivula ngokomthetho imigwaqo emine nebhuloho lezinyawo siphinde siphendule isoyi lokwakhiwa komgwaqo.

- Sibabongela kakhulu abantu baseMsinga manje asebekwazi ukufinyelela kalula ezikoleni, ezibhedlela, emitholampilo naseziteshini zamaphoyisa phakathi kokunye.

- Umgwaqo u-D1273 ufakwe itiyela kusuka ngoJune 2008 kuya kuMarch 2009 ngesamba sika-R53 million. I-Dicky Pedestrian Bridge yakhiwe kusuka ngo-April 2006 yaphela ngo-November 2007 ngesamba sika-R5,2 million. UZonyama Local Road wakhiwe phakathi kuka-January 2008 no-August 2008 ngo-R18,5 million. Ezingulubeni Local Road wakhiwe ngo-June 2007 waphela ngo-July 2008 ngesamba sika-R3,3 million. U-P32 ufakwe itiyela ngesamba sika-R20,2 million.

- Isiyonke le misebenzi esiyivulayo idle isamba sika-R100,2 million. Siphinde safaka imali engu-R5.3 million ezokwakha umgwaqo Ezibomvini Road ongu-4,7 km ubude.

- NjengoNgqongqoshe wezokuThutha kulesi fundazwe saKwaZulu-Natal, nginesibopho ngokwepolitiki sokuqinisekisa ukuthi sibuyisela isithunzi sothisha nabafundi besifazane okumele bakhumule izingubo uma bewela imifula. Nginesibopho ngokwepolitiki sokuqinisekisa ukuthi akukho muntu noma inhlangano ezosivimba ukuthi silethe ingqalasizinda kubantu bakithi.

- Njengoba isikhathi salo hulumeni oholwa nguNdunankulu uManzankosi siphela kule nyanga, ngithanda ukunihalalisela nonke esenihlomulile ezinhlelweni zikahulumeni.

- Ngithanda ukubonga nabo bonke esisebenzisana nabo eMnyangweni wezokuThutha abalokhu beqinisekisa ukuthi sihamba ngomgudu owodwa njengomndeni wezokuthutha selokhu ngaqokelwa ukuba nguNgqongqoshe walo Mnyango. Imisebenzi iyabonakala.

- Akuqali njalo ukuthi sibe nohulumeni eNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu ezindaweni esesakhe kuzona le ngqalasizinda sebexoxa indaba ngoguquko abalubona ezimpilweni zabo.

- Mangiphethe ngokuthi nakuba singenayo imali eyenele, sizolokhu sizama ngokusemandleni ukuvala igebe ngokufuqa umkhankaso ka-Operation Kushunquthuli ukuze ekugcineni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono kunayizolo nekusasa labo libe ngcono kunenamuhla.

- Imali engu-R9 billion etshalwe kwingqalasizinda nokuqashwa kosonkontileka bakaZibambele abangu-40 000 asebekwaze ukonga ngaphezulu kuka-R9 million kulesi fundazwe kule minyaka emihlanu, kuyakhombisa ukuthi ngempela sibuyisela okwabantu kubantu, imisebenzi iyabonakala.

**Ngiyabonga.**